ISOLEZWE (KZN)
Monday, 4 October 2010, p. 4

Kwethulwe isichazamazwi esehlukile

MHLENGI SHANGASE

SIZOFAKA isandla sekufundiseni abafundi babuyise isikhathi esilahlekile isichazamazwi i-Oxford esixube isiZulu nesiNgisi ezikoleni ikakhulu eziswele.

Lesi sichazamazwi esihlukile kwezinye njengoba singachazi kuphela igama kodwa libuye lisetshenziswe emushweni, sizosiza abafundi abasale ngemuva ngenxa yesiteleka sothisha ngo-Agasti esadonsa kakhulu.

Nakuba sithole ukugxekwa ezinhlakeni ezifana nebhodi elibhekele izilimi KwaZulu-Natal ngendlela okuchazwe ngayo amanye amagama kodwa abashicileli baso bathi sizosiza kakhulu nezinye izinhlanga ezifunda isiZulu.

UNkk Nomusa Sibiya, okunguyena obeseqhulwini kuhlanganiswa lesi sichazamazwi, uthe sizosiza kakhulu abafundi ngoba sinezinye zezifundo ezifundwayo ezikoleni.

Uthe kungokokuqala ukwethulwa kwesichazamazwi esifuze lesi, wathi nabangasincelanga ebeleni isiZulu, sizobasiza kakhulu ngoba bazokwazi ukusifunda kalula manje.

"IsiZulu sinzima kakhulu ukusifunda kulabo bantu abakhuluma isiNgisi nakanjalo kulabo abazi isiZulu okumele bafunde isiNgisi. Ngifisa sengathi ngabe kade saba khona lesi sichazamazwi ngoba ngabe kulula kakhulu ukufunda ulimi," kusho uNkk Sibiya.

UNKK Nomusa Sibiya, obeseqhulwini kuhlanganiswa isichazamazwi sesiZulu nesiNgisi esizosiza kakhulu abafundi abakhahlanyezwe isiteleka

Umcimbi wokwethulwa kwalesi sichazamazwi ubuseZimbali Lodge, eThekwini kanti ubuhanjelwe ngabeluleka ngezifundo ezikoleni, umholi we-IFP Inkosi Mangosuthu Buthelezi, abaphathi bamaNyuvesi okubalwa owasoNgoye, uSolwazi Fikile Mazibuko nabanye.

UNkk Sibiya uthe kube khona ukuvungama ngaso wathi kodwa njengababhali amaphutha ayenzeka, nakulokhu abe khona wathi bayawalungisa.

"Sisebenzisana nezinhlaka eziningi okubalwa neBhodi leziLimi lakulesi sifundazwe kanti kuke kwaba khona ukukhala kulona ngamaphutha abe khona. Noma umbiko ogcwele ngingakawufundi kodwa simatasa sizama ukulungisa izikhalo zaleli bhodi," kuqhuba uNkk Sibiya.

Uthe sesiyatholakala ezitolo wathi basiyise nasezikoleni ezingenayo imitapo yolwazi ukuze sisize abafundi abantula ulwazi.

UShenge ukhale kakhulu ngezinselelo athe elakuleli lisabhekene nazo njengezinga eliphansi lemiphumela kaMatric, isibalo esincane sabangena ezikhungweni zemfundo ephakeme, ikakhulu emikhakheni yeMaths neSayensi.

Uthe lesi sichazamazwi sizosiza izinhlanga ezehlukene ngoba esikhona sesiZulu sashicilelwa eminyakeni engu-40 edlule, ngakho lesi sizosiza ngoba amasiko nokwenza sekuguqukile.

"Isichazamazwi lesi sizosiza kakhulu abafundi ngoba bazoqonda abakufundayo sizobathuthukisa bakwazi ukubhala nokukhuluma ulimi olwengeziwe. Kumanje kunokukhathazeka ngezemfundo njengoba sisuka emidlalweni yeNdebe yoMhlaba nesiteleka sothisha njengoba othisha basemabangeni aphansi bekhala ngokuthi kumele baqale phansi bafundise konke lokhu abese bekufundisile ekuqaleni konyaka," kusho uShenge.

USolwazi Mazibuko uthe Ongoye bayafundisa ngesiZulu njengoba kukhona abenze ucwaningo lwabo balwethula ngawo uMageba.

UMCIMBI wokukhombisa ngesichazimazwi sesiZulu eZimbali Lodge obuhanjelwe nanguNdunankulu kaZulu, uDkt Mangosuthu Buthelezi
Izithobe: PATRICK MTOLO